



It starts with a story...

## 10 reasons to use picture books

November is International Picture Book Month – a time to celebrate those special books that capture our imagination with their carefully chosen words and beautiful illustrations. Here are ten reasons to make picture books part of your children's reading life!



## Izizathu eziyi-10 zokusebenzisa izincwadi ezinezithombe

ULwezi yiNyanga Yomhlaba Wonke Yezincwadi Ezinezithombe – yisikhathi sokugubha lezo zincwadi ezikhethekile ezigcina umcabango wethu uthathekile ngamagama azo akhethwe ngokucophelela kanye nemidwebo emihle. Nazi izizathu eziyishumi zokwenza ukuthi izincwadi zezithombe zibe yingxenye yempilo yokufunda yezingane zakho!

- 1. Essential resources.** Picture books are meant to be read aloud, so this makes them the perfect reading resource for sharing stories with children.
- 2. Learning how stories work.** As we read picture books to children, we can invite them to comment on the story and ask questions about it. This deepens their understanding of the story and also helps them to learn about the way in which stories and books work. This knowledge makes learning to read easier.
- 3. Talk about the book.** Reading a picture book together encourages conversations about what's happening in the story, what the characters are feeling, the meanings of words, and how what's happening in the story might relate to your children.
- 4. Developing children's language.** Picture books offer children a language feast! Through the rhythm and rhyme in many of these books, children experience the sounds of our languages. And, because picture books use fewer words than novels, the words that are chosen and how they are used, is very important. So, the rich use of language in these books develops and extends children's own use of language.
- 5. An invitation to join in.** The repetition of sentences or phrases in some picture books, allows children to join in by saying those words of the story, even before they are able to actually read them.
- 6. Learning about picture clues.** As you read picture books to children, they learn that the pictures help to tell the story and give clues to what the words are. Understanding this is essential to learning to read.
- 7. Reading pictures.** In a picture book, the illustrations are as important as the text. Reading a picture book means exploring the art in it as well. This gives children practice at interpreting pictures.
- 8. Developing empathy.** Picture books help children to learn how to step into someone else's shoes and to see life from a different perspective. Developing the ability to do this takes lots of practice, and picture books provide a place to start the process.
- 9. Safe spaces to explore.** Picture books often explore challenging questions or topics. They offer their readers opportunities to find their own answers to difficult questions, such as, "What is love?" and "Are there situations where it's okay not to tell the truth?"
- 10. Messages about reading.** In a world where everyone is always busy, the fact that an adult takes the time to read a picture book to you sends a message to children that reading is important. And, when the adult enjoys reading to you, you also learn that reading is fun. These two messages motivate children to want to learn to read for themselves.

- 1. Imithombo ebalulekile.** Izincwadi ezinezithombe kumele zifundwe ngokuzwakala kakhulu, ngakho-ke lokhu kuzenza ukuthi zibe umthombo omuhle wokufunda wokwabelana ngezindaba nezingane.
- 2. Ukufunda ukuthi zisebenza kanjani izindaba.** Lapho sifundela izingane izincwadi ezinezithombe, singazimema ukuthi ziphawule ngokuphathelele nendaba nokuthi zibuze imibuzo ngayo. Lokhu kujalisa ukuqonda kwazo indaba futhi kuzisiza ukuthi zifunde ngezindlela izindaba kanye nezincwadi ezisebenza ngazo. Lolwazi lwenza ukuthi kube lula ukufunda ukufunda okubhaliwe.
- 3. Xoxani ngencwadi.** Ukufunda ndawonye incwadi enezithombe kukhuthaza ukuxoxisana ngalokho okwenzeka endabeni, imizwa yabalingiswa, ukuthi amagama achaza ukuthini kanye nokuthi lokho okwenzeka endabeni kungahambisana kanjani nezingane zakho.
- 4. Ukuthuthukisa ulimi lwezingane.** Izincwadi ezinezithombe zihlinzeka izingane ngedili lolimi! Ngesigqi nemvumelwano okutholakala kweziningi zalezi zincwadi, izingane zizwa imisindo yezilimi zethu. Futhi, ngenxa yokuthi izincwadi ezinezithombe zisebenzisa amagama ambalwa kunamanoveli, amagama akhethiwe kanye nendlela asetshenziswa ngayo, kubaluleke kakhulu. Ngakho-ke, indlela enothile okusetshenziswa ngayo ulimi kulezi zincwadi ithuthukisa futhi yandisa ukwazi kwezingane ukusebenzisa ulimi.
- 5. Isimemo sokuthi hlalanyela nawe.** Ukuphindaphindwa kwemisho noma amabizana kwezinye izincwadi ezinezithombe, kuvumela izingane ukuthi zihlanganyele nawe ngokuthi zisho lawo magama asendabeni, nangaphambi kokuthi empeleni zize zikwazi ukuwafunda.
- 6. Ukufunda ngezithombe ezinika umkhondo.** Lapho ufundela izingane izindaba ezinezithombe, zifunda ukuthi izithombe zisiza ukuxoxa indaba futhi zinikeza nomkhondo wokuthi athini amagama. Ukuqonda lokhu kubalulekile ekufundeni ukufunda okubhaliwe.
- 7. Ukufunda izithombe.** Encwadini enezithombe, imidwebo ibaluleke njengombhalo. Ukufunda incwadi enezithombe kuchaza ukujula nobuciko okukuyo imbala. Lokhu kwenza ukuthi izingane zizwayeze ukuhumusha izithombe.
- 8. Ukuthuthukisa ukuba nozwelo.** Izincwadi ezinezithombe zisiza izingane ukuthi zifunde ukuzifaka esimweni somunye umuntu nokuthi zibone impilo ngendlela ehlukile. Ukuthuthukisa ukwazi ukwenza lokhu kuthatha ukuziwayeza kaningi, futhi izincwadi zezithombe zihlinzeka ngendawo yokuqala lolu hlelo.
- 9. Indawo ephephile yokucubungula okuthile.** Izincwadi ezinezithombe zivamise ukujula nemibuzo noma izihloko eziyinsalelo. Zihlinzeka abafundi bazo ngamathuba okuthola izimpendulo zabo emibuzweni enzima, efana nokuthi, "Luyini uthando?" nokuthi "Ngabe zikhona yini izimo lapho kuvumeleke khona ukuthi ungalkhulumi iqiniso?"
- 10. Imilayezo ngokufunda.** Emhlabeni lapho wonke umuntu ehlala ematasatasa khona, ukuthatha komuntu omdala incwadi enezithombe akufundele yona kuthumela umlayezo ezinganeni wokuthi kubalulekile ukufunda. Futhi, lapho umuntu omdala ethokozela ukufundela, nawe ufunda ukuthi kuyathokozisa ukufunda. Le milayezo emibili ikhuthaza izingane ukuthi nazo zifune ukuzifundela ukufunda okubhaliwe.



Drive your imagination

Story Power.

Anywhere. Anytime. Anyone.  
Noma kuphi. Noma nini. Noma nobani.



It starts with a story...

# Story stars

## A poet in the house!

**FUNda Leader, Mpho Mofokeng**, was introduced to poetry at an early age by his primary school English teacher, and this triggered a love of poetry and art in him. Today, as a young man, Mpho is a theatrical performer, poet and a writer who continues to use poetry to express his thoughts and feelings. We chatted to Mpho about how his passion for words influences his life.

### Tell us about your Facebook poetry group?

In 2012, I created a Facebook group called "Genesis Poetry" in remembrance of one of my close friends who also loved poetry. This "group" is now four years old and more like a movement. We host poetry shows in the Vaal area, which is where I come from.

### What is the role of stories and books in our lives?

Stories are maps and books are accounts of what has happened and what is to come. They are an expression of life.

### Why is reading so important?

It is an investment in yourself. When I am reading I get drawn into the book and then I travel anywhere and everywhere the book wants to take me. Reading creates a whole other life for me.

### Who read to you or told you stories as a child?

No one read to me, but my grandfather used to tell me stories in Sesotho.

### Do you read to your children? Why?

Yes, I do. I read to them in Sesotho and English. Reading to them is important because I want them to love reading from an early age.

### Every child should read ...

Every child should read a book that's a reflection of them.

### Do you prefer reading fiction or non-fiction?

I like both and I think children should experience both. Variety is important.

### The book that changed my world was ...

... *Things fall apart* by Chinua Achebe. That book made me fall in love with African literature!



Thulani Mbele

Mpho Mofokeng

# Abavelele ezindabeni

## Sinembongi ekhaya!

**IFUNda Leader, uMpho Mofokeng**, wethulwa ezinkondlweni esemncane nguthisha wakhe wesiNgisi wasesikoleni samabanga aphansi, kanti lokhu kokhela uthando lwezinkondlo kanye nezobuciko kuye. Namhlanje, le nsizwa enguMpho ingumdlali waseshashalazini, imbongi kanye nombhali oqhubekayo nokusebenzisa izinkondlo ukuze azwakalise imicabango kanye nemizwa yakhe. Sixoxe noMpho ngokuthi uthando lwakhe lwamagama lunomthelela onjani empilweni yakhe.

### Ake usitshale ngethimba lakho lezinkondlo lakuFacebook?

Ngowezi-2012, ngaqala ithimba lakuFacebook elibizwa ngokuthi i-"Genesis Poetry" njengendlela yokukhumbula umngani wami omkhulu naye owayethanda izinkondlo. Leli "thimba" selineminyaka yobudala emine futhi selifana nenhlangothi imbala. Sisingatha imicimbi yezinkondlo endaweni yaseVaal, okuyilapho ngiqhamuka khona.

### Ngabe liyini iqhaza lezindaba nezincwadi ezimpilweni zethu?

Izindaba zingamabalazwe kanti izincwadi zilanda ngalokho okwenzekile kanye nalokho okusazokwenzeka. Kubonisa lokho okwenzeka empilweni.

### Kungani ukufunda kubaluleke kangaka?

Kungukutshala okuthile kuwe. Lapho ngifunda ngiyajula nencwadi bese ngihamba ngiya noma kuphi, nakuyo yonke indawo incwadi efuna ukungiyisa kuyo. Ukufunda kungenzela enye impilo.

### Ubani owayekufundela noma owayekuxoxela izindaba useyingane?

Akukho muntu owayengifundela, kodwa umkhulu wami wayengixoxela izindaba ngesiSuthu.

### Ngabe uyazifundela izingane zakho? Ngani?

Yebo, ngiyazifundela. Ngizifundela ngesiSuthu nangesiNgisi. Kubalulekile ukuzifundela ngoba ngifuna zikuthande ukufunda zisencane.

### Leyo naleyo ngane kumele ifunde ...

Leyo naleyo ngane kumele ifunde incwadi ekhombisa okuthile ngayo.

### Ngabe uthanda ukufunda izindaba ezisuka ekhanda noma lezo ezingamaqiniso?

Ngizithanda zombili izinhlobo futhi ngicabanga ukuthi izingane kumele zizizwele zombili. Zibalulekile izinhlobo ezahlukenene.

### Incwadi eyaletha inguquko empilweni yami yayithi ...

... *Things Fall Apart* kaChinua Achebe. Leyo ncwadi yangenza ngathanda izincwadi zase-Afrika!

Find the poetry group, "Genesis Poetry", on Facebook.

Thola ithimba lezinkondlo, i-"Genesis Poetry", kuFacebook.



## NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

**Ikwewezi FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

**Lesedi FM** on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

**Ligwalagwala FM** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**Munghana Lonene FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

**Phalaphala FM** on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

**RSG** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**SAfm** on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

**Thobela FM** on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

**Ukhozi FM** on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

**Umhlobo Wenene FM** on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

**X-K FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



## USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali!

**Ku-Ikwewezi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

**KuLesedi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

**KuLigwalagwala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuMunghana Lonene FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

**KuPhalaphala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

**KuRSG** ngoMsombuluko ukuya ngoLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuSAfm** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama

**KuThobela FM** ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni

**Ku-Ukhozi FM** ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

**Ku-Umhlobo Wenene FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni

**KuX-K FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni

# Celebrate reading and writing!

November offers us lots of opportunities to have fun with reading and writing. Choose one or more of the special days below and try out our activity suggestions at home, in your classroom or at your reading club.



# Gubha ukufunda nokubhala!

ULwezi usihlinzeka ngamathuba amaningi okuzithokozisa ngokufunda nokubhala. Khetha olulodwa noma ngaphezulu ezinsukwini ezikhethekile ezingezansi bese uzama ezinye zeziphakamiso zemisebenzi engenziwa ekhaya, egumbini lakho lokufunda noma ethimbeni lakho lokufunda.

## November Picture Book Month

Celebrate Picture Book Month by choosing a picture book that none of you has read before. Read the title together. Then page through the book, and while looking at the pictures, tell your own story to go with them. Afterwards, read the story that the author wrote. How was the story you told similar and/or different to the one that the author wrote?

## ULwezi Inyanga Yencwadi Enezithombe

Gubha Inyanga Yencwadi Enezithombe ngokukhetha incwadi enezithombe okungekho oke wayifunda phakathi kwenu. Fundani isihloko ndawonye, bese niyiphenya incwadi, kuthi lapho nibuka izithombe, uxoxe indaba yakho ezohambisana nazo. Emva kwalokho funda indaba ebhalwe ngumbhali. Ngabe ibicishe ifane kanjani, injani futhi/noma ibihluke kanjani indaba yakho kuleyo ebhalwe ngumbhali?

## 13 November International Tongue Twister Day

With your children, write down some tongue twisters and then say them together over and over again, as quickly as you can. Here are some to get you going: She sells sea shells on the seashore. / Flash message, flash message. / A proper copper coffee pot. / I saw Esau sitting on a seesaw. Esau, he saw me. / Toy boat, toy boat. / Six thick thistle sticks. / Good blood, bad blood.

## Mhla ziyi-13 kuLwezi Usuku Lomhlaba Wonke Lwamagama Abizeka Kalukhuni

Unezingane zakho, bhalani phansi amanye amagama abizeka kalukhuni bese niwasho ndawonye niphindelela, ngokushesha ngendlela eningakwazi ukwenza ngayo. Nanka amanye awo eningawasebenzisa: UCele ucambalele ecansini ucabanga ngecebo lokuciba ucilo ngomcibisholo. / UShabalala washabalala neshumi losheleni emshinini kashukela eshashalazini laseShowe. / Amaxoxo ayaxokozela exoxa ngoxamu exhibeni.

## 15 November I Love to Write Day

Write something that you've always wanted to! It can be about anything, and it doesn't have to be long. You could write a letter, an email, a Facebook post, a poem, an article on a topic you are passionate about, the first few paragraphs or pages of a story, or you could write to your local newspaper with a point you've always wanted to make but never found time for. Just get writing!

## Mhla ziyi-15 kuLwezi Usuku Lokuthanda Ukubhala

Bhala into okukudala ufuna ukuyibhala! Kungaba yinoma yini, kanti akudingeki ukuthi ibe yinde. Ungabhala incwadi, i-imeyli, okubhalwa kuFacebook, inkondlo, umbhalo omayelana nesihloko onentshisekelo ngaso, izigaba zokuqala ezimbalwa noma amakhasi okuqala ambalwa endaba, noma ungabhalela iphephandaba langakini ngombono okukudala ufuna ukuwuzwakalisa kodwa wangasithola isikhathi sokwenza lokhu. Vele ubhale nje!

## 21 November World Hello Day

This year people from 180 countries around the world will celebrate World Hello Day for the 44th time! World Hello Day was started as a way of showing how important communication and understanding are for peace. Like others around the world, you can celebrate this day by taking the time to greet ten people throughout the day – and try to do this in their mother tongue, even if you have to ask them how to do this first!

## Mhla zingama-21 kuLwezi Usuku Lomhlaba Wonke Lokuthi Sawubona

Kulo nyaka abantu basemazweni ayi-180 emhlabeni wonke bazogubha Usuku Lomhlaba Wonke Lokuthi Sawubona okwama-44! Usuku Lomhlaba Wonke Lokuthi Sawubona lwaqalwa njengendlela yokubonisa ukuthi kubaluleke kangakanani ukuxoxisana kanye nokuzwana ngokuphathelele nokuthula. Njengabanye emhlabeni wonke, ungagubha lolu suku ngokuzinika isikhathi sokubingelela abantu abayishumi osukwini lonke – bese uzama ukwenza lokhu ngolimi lwabo lwasekhaya, noma ngabe kungadingeka ukuthi uqale ubabuze ukuthi kwenziwa kanjani lokhu!

## 25 November Buy Nothing Day

Use different coloured paper, coloured pencils or crayons, glue, fabric scraps and other waste materials that you already have to create your own short storybook. Then share the fun by showing and reading it to someone else.

## Mhla zingama-25 kuLwezi Usuku Lokungathengi Lutho

Sebenzisa amaphepha ayimibala eyahlukene, amapensela anemibala noma amakhrayoni, iglu, izidwedwe kanye nezinye izinto ezilahliwe osunazo ukuze wenze incwadi yakho yendaba emfushane. Bese wabelana ngobumnandi balokhu ngokukhombisa kanye nokuyifundela omunye umuntu.





## Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep picture books, *Nicholas and the Wild Ones*, (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12) and *That's better!* (pages 9 and 10) as well as the Story Corner story, *Why monkeys live in trees* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.

### Nicholas and the Wild Ones

On his first day at school Nicholas is faced with a gang of bullies, but over time he is able to use his creativity to win their admiration and he also makes a surprising new friend. This picture book is a story about bullying, problem solving and friendship.



- ★ As you read the book together:
  - spend time looking closely at and commenting on the detail in the pictures.
  - discuss Nicholas's decision not to go back to school on page 8. For example, ask your children, "Do you think Nicholas's idea is a good one? How do you think you might have felt if you were him?"
  - ask your children what they think about the advice Nicholas's family members give him on pages 9 and 10.
  - ask your children what they think is going to happen after page 17, and then after you have read page 18, ask them if they thought Cindy was going to say that.
- ★ Once you have finished reading the story, ask your children:
  - what they think of the way Nicholas behaved in the story, which of the things that he did they would also have done and which things they might have done differently.
  - to share what they know about bullying and how to deal with it. Remind them that it is important to tell an adult they trust if they are ever bullied or if they feel that they want to bully others.
- ★ Suggest that your children write a letter to one of the characters in the story – and then let them write this character's reply to the letter.

### That's better!

This picture book explores how little Sipho finds comfort in familiar things and by being with those he loves whenever he feels sad, or lonely, or scared. This book celebrates the security that families and friends can give to young children.



- ★ As you read the book together with very young children point to and talk about the people in the pictures, where they are and what they are doing.
- ★ With older children, point out how Sipho has a special blanket with him that makes him feel safe and secure. Let them find the blanket in the pictures. Do they have an object that helps to comfort them? Or, did they have one when they were younger?

### Why monkeys live in trees

In this retelling of a traditional story, we find out why monkeys prefer to stay up in the trees.



- ★ Talk about the way in which Lion and Monkey behaved towards each other in the story. How could they have behaved differently? How might this have changed the story?
- ★ Invite your children to draw a picture of the part of the story where Monkey is watching the other animals walk past the body of the lion. Suggest that they draw speech bubbles or thought bubbles for Lion, Monkey and the other animals, and then either write words or draw pictures in the bubbles to show what the animals might be thinking or saying.
- ★ This is a good story for acting out! Let everyone play the part of a different character and enjoy recreating the story together.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo okusebenzisa izincwadi ezimbili ozisika uzikhiphe bese uyazigcina, *UNicholas NeZiqhwaga*, (ikhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12) kanye nethi *Kwaze kwaba ngcono!* (ikhasi lesi-9 nele-10) kanye nendaba yeKhona Lezindaba ethi, *Kungani izinkawu zihlala ezihlahleni* (ikhasi le-15). Khetha amacebo ahambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

### UNicholas NeZiqhwaga

Ngosuku lwakhe lokuqala esikoleni uNicholas ubhekana neqembu leziqhwaga, kodwa kamuva ukwazi ukusebenzisa ubuciko zimthande bese kuyamangaza ukutholana kwakhe nomngani omusha ongalindelekile. Le ncwadi enezithombe iyindaba emayelana nobuqhwaga, ukuxazululwa kwezinkinga kanye nobungani.

- ★ Lapho nifunda incwadi ndawonye:
  - chithani isikhathi nibukisise futhi niphawula ngemininingwane esezithombeni.
  - xoxani ngesinqumo sikaNicholas sokungabuyeli esikoleni ekhasini lesi-8. Isibonelo, buza izingane zakho ukuthi, "Ngabe nicabanga ukuthi icebo likaNicholas lihle? Ngabe ucabanga ukuthi ubuzozizwa kanjani ukube ubunguye?"
  - buza izingane zakho ukuthi zicabangani ngamacebo amalungu omndeni kaNicholas amnika wona ekhasini le-9 nele-10.
  - buza izingane zakho ukuthi zicabanga ukuthi kuzokwenzakalani ngemva kwekhasi le-17, bese kuthi ngemva kokufunda ikhasi le-18, uzibuze ukuthi ngabe zicabanga ukuthi uCindy ubezokusho yini lokho.
- ★ Ngemva kokuqeda ukufunda indaba, buza izingane zakho:
  - ukuthi zicabangani ngendlela uNicholas aziphathe ngayo endabeni, yiziphi izinto azenzile nazo ebezizozenza futhi yiziphi ebezizozenza ngendlela eyehlukile.
  - ukuthi zabelane ngalokho ezikwaziyo ngokuphathelele nobuqhwaga nokuthi zingabhekana kanjani nabo. Zikhumbuze ukuthi kubalulekile ukutshela umuntu omdala ezimethembayo uma kuwukuthi ziyaqhwagwa noma zizizwa zifuna ukuqhwaga abanye.
- ★ Phakamisa ukuthi izingane zakho zibhale incwadi omunye wabalingiswa abasendabeni – bese uzivumela ukuthi zibhale impendulo yencwadi ebibhalelwe lo mlingiswa.

### Kwaze kwaba ngcono!

Le ncwadi enezithombe ibheka indlela uSipho omncane athola ngayo ukududuzeka ezintweni eziqwayekile nokuba nalabo abathandayo njalo uma ezizwa edangele, noma enesizungu, noma ethukile. Le ncwadi igubha ukuvikeleka okuhlinzekwa yimindeni kanye nabangani ezinganeni ezincane.

- ★ Lapho ufunda incwadi nezingane ezincane khomba bese uxoxa ngabantu abasesithombeni, ukuthi bakuphi nokuthi benzani.
- ★ Unezingane ezindadlana, phawula ukuthi uSipho unengubo yokulala ekhethekile emenza azizwe ephephile futhi evikelekile. Ngabe zinayo into ezisiza ngokuziduduzisa? Noma, ngabe bezinayo ngesikhathi zisencane?

### Kungani izinkawu zihlala ezihlahleni

Kulokhu kuxoxwa kabusha kwenganekwane, sithola ukuthi kungani izinkawu zithanda ukuhlala emithini.

- ★ Xoxa ngendlela uBhubesi noNkawu abaphathane ngayo endabeni. Ngabe ubuzoziphatha kanjani ngendlela eyehlukile? Ngabe lokhu bekuzoyishintsha kanjani indaba?
- ★ Mema izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe sengxenywe yendaba lapho uNkawu ebuka khona ezinye izilwane lapho zidlula umzimba webhubesi. Phakamisa ukuthi zidwebe amabhamuza enkulumbo noma amabhamuza omcabango kaBhubesi, uNkawu kanye nezinye izilwane, izingane bese zenza okukodwa phakathi kokubhala amagama noma ukudweba izithombe emabhamuzeni ukuze kukhombise lokho okungenzeka ukuthi kucatshangwa noma kushiwo ngezinye izilwane.
- ★ Le indaba enhle yokulingisa! Vumela wonke umuntu ukuthi adlale indawo yomlingiswa ohlukile futhi niithokozele ukwenza indaba kabusha nindawonye.

### Create TWO cut-out-and-keep books

#### That's better!

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

#### Nicholas and the Wild Ones

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

#### Kwaze kwaba ngcono!

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukwenza incwadi.
4. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.

#### UNicholas NeZiqhwaga

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nele-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.



Drive your  
imagination


Cindy Crocker drew a wobbly pink heart. The rest of the Wild Ones didn't know what to draw. Instead, they laughed at Cindy's pink wobbly heart. U'Cindy uMkhubazi wadweba inhliziy o ephinki zingadweba ini. Zavele zahleka inhliziy o ewebzelayo ephinki kaCindy.



Shakira drew herself on a tightrope balancing on one foot! UShakira wazidweba yena ehamba phezu kwentambo ezimlele ngonyawo olulodwal



So in art class, when Miss Pinkerton asked them all to draw something, Nicholas drew a Wild Ones Munching Machine. Ngakho-ke eklasini lokudweba, lapho uNkz uPinkerton ecela bonke abafundi ukuthi badweb okuthile, uNicholas wadweba Umshini Odla Iziqhwaga.



## Nicholas and the Wild Ones UNicholas NeZiqhwaga



Niki Daly



We publish what we like

This is an adapted version of *Nicholas and the Wild Ones*, published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in English, Afrikaans, isiXhosa and isiZulu. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Lapha iphendulwe kancane indaba ethi, *UNicholas NeZiqhwaga*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa nesiZulu. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200

FRANCES LINCOLN  
CHILDREN'S BOOKS

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination

Ngelanga elilandelayo uNicholas waya esikoleni – wazithola zimlindlele ziziqhwaga. Wabe esezikhombisa ukuthi akazesabi ngokukhokha isibhakela KANJENAI Lokhu kwavale kwazibulala ngensini iziqhwaga.



So the next day Nicholas went to school – and the Wild Ones were waiting for him. Nicholas showed them he was not afraid and put up his fists like SO! This made the Wild Ones fall about with laughter.



When Nicholas came out of school, Mum was waiting.  
“How did you like it?” asked Mum.  
“Not one bit,” replied Nicholas.  
“Oh dear, why not?” asked Mum.  
“See those kids over there?” said Nicholas.  
“Yes,” said Mum.  
“Well, those are the Wild Ones,” said Nicholas.



# Isiguquli-Ziqhwaga sikaNicholas

© Nicholas

“Cindy, ntombazana yami,” kusho uNkz Pinkerton, “woza uzohlala eduza kukaNicholas.”  
“Yaze yayinhle inhliziyo ephinki ewebazelayo,” kusho uNicholas.  
UNkz Pinkerton kwamjabulisa ukubona uCindy noNicholas bekhulumisanana ekugcineni.  
at last.  
Cindy and Nicholas talking to each other  
Miss Pinkerton was happy to see said Nicholas.  
“That’s a cool pink wobbly heart,”  
“come and sit next to Nicholas.”  
“Cindy, dear,” said Miss Pinkerton,

“Yes,” said Mum. “I’m sure you’ll come up with a plan. But you’ve got to go to school. Otherwise, how will you become a famous inventor?”  
“Yiqiniso,” kusho uMama. “Nginesiqiniseko sokuthi uzohveza icebo. Kodwa kufanale uye esikoleni. Uma ungakwenzi lokhu ungaba kanjani ngumqambi wezinto wodumo?”



“No, no,” said Gran. “Nicholas is an ‘ideas man’. He’ll think of a creative way to handle those Wild Ones.”  
“Cha, cha bo!” kusho uGogo. “UNicholas yindoda enama-cebo”.  
Uzocabanga indlela engcono yokubhekama neZiqhwaga.”

# Nicholas's Wild One Convertor

© Nicholas



UNicholas wathi ephuma esikoleni, wathola uMama wakhe esemlindile.  
“Bekunjani esikoleni namhlanje?” kubuza uMama.  
“Bekungemnadi nakancane,” kuphendula uNicholas.  
“Hawu sthandwa sami, yini indaba?” kubuza uMama.  
“Uyazibona leziya zingane laphaya?” kubuza uNicholas.  
“Yebo,” kusho uMama.  
“Uyabona-ke, yizona Ziqhwaga leziyana,” kusho uNicholas.

“By putting up  
your fists like SO,”  
said Gramps.  
“Ngokukhokha  
isibhakela  
KANJENA!”  
kusho uMkhulu.



When Dad heard about  
the Wild Ones, he said,  
“You’ve got to show them  
that you’re not afraid.”  
“How?” asked Nicholas.  
Kwathi uma uBaba  
ezwa ngeZiqhwaga, athi,  
“Kufanele ubakhombise  
ukuthi awubesabi.”  
“Kanjani?”  
kubuza uNicholas.



Going home, Nicholas told Mum all about the Wild Ones.  
“Charlie’s the wildest,” explained Nicholas. “He stands on  
top of the climbing frame and jumps on anyone who passes  
below him.”  
“That’s dangerous,” said Mum.  
“**Lethal!**” said Nicholas. “But you know who’s  
really creepy?”  
“Tell me,” said Mum.



Endleleni eya ekhaya, uNicholas waxoxela uMama wakhe konke  
ngeZiqhwaga.  
“UCharlie akezwa ukubadlula bonke,” kuchaza uNicholas.  
“Uma phezu kwesikhwelo agxumele phezu kwanoma wubani odlula  
ngaphansi kwakhe.”  
“Hawu! Akuve kuyingozi lokho,” kusho uMama.  
“Embi **kabi!**” kusho uNicholas. “Kodwa uyazi ukuthi ubani  
onemikhuba emibi?”  
“Cha, ngubani?” kubuza uMama.

Reggie gave him a  
savage wedge ...  
UReggie wamdonisa  
ngebhulukwe laze  
langena emsinsileni ...



Uh-oh! At  
break, Charlie jumped  
on Nicholas ...  
Ngesikhathi sekhefu,  
uCharlie wagxumela  
phezu kukaNicholas ...



Shakira could  
show Nicholas how  
to balance on one  
leg, like SO,

UShakira  
akakwazanga  
ukubonisa uNicholas  
ukuzimelela  
ngomlenze owodwa,  
KANJENA,



and Nicholas could show Shakira how to hold her fists like  
SO, just in case the Wild Ones ever turned wild again, which they  
hardly ever did ... except some days, when they simply HAD to  
be wild! And that gave Nicholas a new idea ...


kanti uNicholas wayesengakhombisa uShakira ukukhokha  
isibhakela KANJENA, uma kwenzeka ukuthi iZiqhwaga  
ziphinda zibonisa ukudelela, okuyinto ezingazange ziyiphinde ...  
ngaphandle kwamanye amalanga, lapho ZIPHOQEKILE ukuba  
nolaka! Lokhu-ke kwanikeza uNicholas umqondo omusha ...






That's better!  
Kwaze kwaba  
ngcono!

"What a brave boy!" Siphso feels worried.  
"Umtana onesibindi kangaka!" Usiphso  
uzizwa ekhathazekile.



That's better!  
Kwaze kwaba  
ngcono!

"It's playtime." Siphso feels shy.  
"Yisikhathi sokudlala." Usiphso  
uzizwa enamahloni.



That's better!  
Kwaze kwaba ngcono!



William Gumede  
Alzette Prins



We publish *what* we like

This is an adapted version of *That's better!* published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in isiZulu, isiXhosa, English, Afrikaans, Setswana, Sesotho, Sepedi, Siswati, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Lapha ibhalwe kabusha indaba ethi, *Kwaze kwaba ngcono!*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, isiSotho, isiTswana, isiPedi, isiTsonga, isiVenda, isiSwati nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination




That's better!  
Kwaze kwaba  
ngcono!

"See you later!" Siphso feels lonely.  
"Sizobonana emuva kwesikhashana!"  
USiphso uba nesizungu.




"Where are you?" Siphso feels scared.

"Ukuphi?" USiphso uzizwa esaba.



"Bye-bye, Siphso." Siphso feels sad.  
"Sala kahle, Siphso." USiphso uba  
nenhliziyo ebuhlungu.

That's better!  
Kwaze kwaba  
ngcono!



Kwangcono kakhulu-ke manje!



Then Cindy Crocker cornered him in the toy shed and ...  
Ucindy uMkhubazi wamvalela egushede lamathoyisi wabe ...



Big-Mouth Jake ran away with his  
packet of Space Snacks ...  
Ujake uMlomo-Mkhulu wabaleka  
nephakethe lamashibusini ...



So in art class he showed them how to make their own. And **that** meant that Charlie didn't jump on anyone, Reggie cut out the wedgies, Big-Mouth Jake didn't even think of treats, Cindy thought of giving Shakira a push, but didn't, and **this** meant ...

Wabe esebakhombisa bonke eklasini ukuthi bangazenzela kanjani eyabo. **Lokho** kwenza ukuba uCharlie angaphindi agxumele phezu kwamuntu, kusho ukuthi uReggie wayeka ukufaka amabhulukwe emsinsileni wezinye izingane, uJake, uMlomo-Mkhulu akazange aphinde acabange ngokudla kwabanye, uCindy wake wacabanga ukuthi amfuqe uShakira kodwa wabuye wazikhuza, kanti **lokhu** kusho ukuthi ...



“Emuva kwekhethu usifundele incwadi ekhuluma ngamalungelo ethu. Ithi AKEKHO UMUNTU onelungelo lokusihlukumeza,” kusho uNicholas.  
“Yiqiniso lelo,” kusho uMama.  
“Ngakho ke, ngeke ngiphinde ngilubeke olwami unyawo esikoleni,” kusho uNicholas.

“After break she read us a book about our rights. And NOBODY has the right to be horrid to us,” said Nicholas.  
“Quite right,” said Mum.  
“So, I won't be going to school any more,” said Nicholas.

“Wedgie Reggie,” said Nicholas. “He thinks it's very funny to yank kids up by their underpants. And you know what?”

“What?” asked Mum.

“My friend Stephen had to walk around with his underpants up his bottom.”

“That's not very funny,” said Mum.

“It's **mean**,” said Nicholas. “But Big-Mouth Jake's even worse.”

“Why?” asked Mum.



“NguReggie uMhluphi,” kusho uNicholas. “Ucabanga ukuthi kuyahlekisa ukudonsa aphakamise ezinye izingane ngamabhulukwe angaphansi. Futhi uyazi ukuthi kwenzekeni?”

“Kwenzekeni?” kubuza uMama.

“Umngane wami uStephen bamenze wahamba nebhulukwe elingene emsinsileni.”

“Awu, akuhlekisi neze phela lokho,” kusho uMama.

“Kubi **kabi**,” kusho uNicholas. “Kodwa uJake, Mlomo-Mkhulu, yena wedlulele.”

“Ngoba wenzeni?” kubuza uMama.

“Ngucindy uMkhubazi. Vintombazane enkulu **sengathi idlala umdlalo wokugonyozana**. Ungifuge ngemuva ngenkathi ngikhombisa uShakira imoto engiyenzile ehanjiswa ngamafutha obulongwe,” kusho uNicholas.  
“Ukukhombisa ubuqhawaga kwabanye lokho,” kusho uMama. “Umsthelele uNkz Pinkerton?”  
“Yebo,” kusho uNicholas. “Uyazi ukuthi wenzeni?”  
“Wenzeni?” kubuza uMama.



“Cindy Crocker. She’s as **big as a wrestler**. She pushed me from behind while I was showing Shakira my poo-powered motor-car invention,” said Nicholas.  
“That’s bullying,” said Mum. “Did you tell Miss Pinkerton?”  
“Yes,” said Nicholas. “And you know what she did?”  
“What?” asked Mum.

“At break, he snatched Shakira’s snack and stuffed it in his mouth. He didn’t even close his mouth. You could see the goo going round and round like cement in a cement mixer. But now I’m going to tell you about the SCARIEST, WILDEST ONE IN THE ENTIRE WORLD!”  
“Who’s that?” asked Mum.

“Ngesikhathi sekhefu, uhlwithe ukudla kukaShakira wakuhlhlela emlonyeni wakhe. Akazange awuvale nakuwuvale umlomo wakhe. Ububona ukudla kulokhu kuyaluzo emlonyeni sengathi umshini wokuxova usimende. Kodwa manje ngizokutshela **NGESIQHWAGA ESESABEKAYO ESILUHLAZA KUNAZO ZONKE EMHLABENI!**”  
“Ngubani lowo?” kubuza uMama.



“... esethi, “Ngabe ngingeza ngizodlala nawe kini?”  
“Kulungile,” kusho uNicholas.  
Emuva kokuphuma kwesikole, uMama kwamjabulisa ukubona uNicholas esenomngane omusha.  
... said, “Can I come and play at your house?”  
“Sure,” said Nicholas.  
After school, Mum was pleased to see that Nicholas had made a new friend.

That afternoon they had a really fun time. Cindy showed Nicholas how to do a powerslam.

Ngaleyo ntambama baba nesikhathi esimnandi ngempela. UCindy wafundisa uNicholas umdlalo kamadonsana.



And Nicholas demonstrated his latest solar-powered helicopter design in flight.  
When the rest of the Wild Ones heard about Nicholas’s cool helicopter design they all wanted one.

UNicholas wabe esebukisa ngeheliophtha yakhe entsha esebenza ngamandla elanga. Kwathi uma Iziquhwaga zizwa ngedizayini yelikhoptha eyenziwe nguNicholas zonke zase ziyayifuna.



## The Na'ibali bookshelf

To celebrate International Picture Book Month, here is some information about one of South Africa's most famous writers and illustrators of picture books – Niki Daly. (He is the author and illustrator of the cut-out-and-keep book in this edition, *Nicholas and the Wild Ones*.)

Niki was born in Cape Town and spent most of his life there before moving to the small Western Cape town of Kleinmond a few years ago. Although he writes in English, Niki Daly's books have been translated into many different languages and are enjoyed by children here and all over the world. He won an international award for the very first book he had published – and he has been winning awards ever since, within South Africa and in other countries too.



Niki Daly

## Ishalofu lezincwadi lakwaNa'ibali

Ukuze ugubhe Inyanga Yomhlaba Wonke Yencwadi Enezithombe, nansi imininingwane emayelana nomunye wababhali nabadwebi bemifanekiso yezincwadi ezinezithombe abadumile baseNingizimu Afrika - uNiki Daly. (Ungumbhali kanye nomdwebi wemifanekiso wencwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina ekulolu shicilelo ethi, *UNicholas NeZiqhwaga*.)

UNiki wazalelwa eKapa futhi uchithe isikhathi eside lapho ngaphambi kokuthuthela edolobhaneni elincane laseNtshonalanga Kapa elibizwa ngeKleinmond eminyakeni embalwa eyedlule. Noma yena ebhala ngesiNgisi, izincwadi zikaNiki Daly sezihunyushelwe ezilimini eziningi ezahlukene futhi zithokozelwa yizingane lapha kanye nasemhlabeni wonke. Wazuza umklomelo wamazwe omhlaba ngencwadi yokuqala ayishicilela – futhi uyaqhubeka nokuzuzisa imiklomelo kusukela ngaleso sikhathi, eNingizimu Afrika kanye nakwamanye amazwe futhi.

Keep the picture books that you love the most. One day when you are an adult, you will open them up again, and how you felt as a child will come flooding back to you!  
Niki Daly

### Some books by Niki Daly

Lots of Niki Daly's books are available in a number of South African languages. Most libraries and bookshops have his books available. Here are some of his books.



*Creepy Street*

*The Herd Boy / UMalusi*

*Not so fast, Songololo!*

*Pretty Salma / USalma Omuhle*

*Where's Jamela? / UJamela ukuphi?*

*Zanzibar Road / Umgwaqo uZanzibar*

*Next stop – Zanzibar Road / Isitobhi esilandelayo – Umgwaqo iZanzibar*

*Thank you, Jackson / Ngiyabonga, Jackson*

### Ezinye zezincwadi zikaNiki Daly

Iningi lezincwadi zikaNiki Daly zitholakala ngezilimi zaseNingizimu Afrika eziningi. Imitapo yezincwadi kanye nezitolo zezincwadi eziningi zinazo izincwadi zakhe. Uhlu lwezinye zezincwadi zakhe lutholakala ngezansi.

Ideas for stories can come to me in an instant, or they can spend years just written down as an idea in my "Book of Ideas".  
Niki Daly



Amacebo okubhala izindaba angazifikela kimi ngokuphazima kweso, noma angahlala iminyaka eminingi ebhalwe phansi njengecebo "Encwadini Yami Yamacebo".  
Niki Daly

Gcina izincwadi ezinezithombe ozithanda kakhulu. Ngelinye ilanga uma usumdala, uzozivula futhi, bese kuthi indlela owawuzizwa ngayo useyingane ibuyela kuwe ngamandla!  
Niki Daly



### Are you a FUNda Leader?

Do you want to find ways to help children learn and become literate through fun and relaxed interactions with stories? Are you willing to be a reading role model? If so, sign up as a FUNda Leader at [nalibali.org/funda-leader](http://nalibali.org/funda-leader) and create a better life for our children. Join the movement now!




### Ngabe uyifUNda Leader?

Ngabe ufuna ukuthola izindlela zokuzisa izingane ukuthi zifunde nokuthi zazi ukufunda nokubhala ngendlela emnandi nezenza ukuthi zikhululeke ngezindaba? Ngabe uzimisele ukuba yisibonelo esihle ngokuphathelele nokufunda? Uma kunjalo, bhalisela ukuba yiFUNda Leader ku-[nalibali.org/funda-leader](http://nalibali.org/funda-leader) bese wenzela izingane zethu impilo engcono. Hlanganyela nenhlangothi esidalekile manje!

Drive your imagination



# Why monkeys live in trees



Retold by Nicky Webb ★ Illustrations by Richard Mackintosh

Lion was the king of the beasts. His loud roar made the leaves on the trees tremble. He spent his days hunting for food and sleeping in the sun. He was proud of his roar, and he was proud of his sharp teeth and claws, but he was most proud of his beautiful golden coat and mane.

One day as he drank from a pond, Lion noticed that his mane was looking rather patchy. "What's this?" he grumbled to himself. He turned around and noticed a patch of hair missing from his golden back. Lion was very unhappy. It would not do for a lion to have no hair and no mane. He ran off to see Dr Tortoise to find out what could be done to save his coat.

"Hmmm," said Dr Tortoise thoughtfully. "This is a terribly serious case of something, but I'm not sure what. Let me think ..."



"Oh no! This sounds very bad," gasped Lion, but it wouldn't do for a great big lion to cry. His knees were shaking. "Will ... will I live?" he gasped.

"Of course you'll live," laughed Dr Tortoise, "you've just got a serious case of fleas. You need to go and ask Monkey to pick the fleas off for you. Then you'll be right as rain."

"Fleas? Is that all?" said Lion looking relieved. He thanked Dr Tortoise and hurried off to find Monkey.

Monkey was up to mischief as usual. He was sitting in a tree throwing rotten ngwenya berries at a lazy warthog that was sleeping in the sun.

"Monkey!" roared Lion. Monkey jumped and almost fell out of his tree. "Monkey, please could you come and pick the fleas from my coat for me?" asked Lion.

"Yes, of course, Your Majesty," chattered Monkey dropping his last berry and hurrying down the tree.

Lion lay in the warm sun as Monkey combed and picked through his mane and fur. Monkey combed and picked. He stroked and groomed. The sun was warm and soon Lion fell fast asleep.

When Lion woke up he found that he couldn't move. He roared with anger when he discovered that Monkey had tied his tail to a tree. The more Lion pulled and wriggled, the tighter the knot in his tail became. A little bushbaby watched with saucer eyes from the tree as Lion struggled and pulled.

"I could help you, Lion," said Bushbaby sweetly, "but you would have to promise not to eat me."

Lion was tired out from his struggles. "Of course I won't eat you," he panted. His tummy was growling. Bushbaby looked nervous. "I promise I won't eat you!" said Lion.

So Bushbaby climbed down from the tree and started undoing the knot with his long delicate fingers. Finally Lion was free. He thanked Bushbaby and went on his way.

As he walked along, Lion thought about what Monkey had done to him and he felt very cross. He decided to teach Monkey a lesson. He told the other animals to wait five days and to then tell Monkey that Lion had died.

Five days later the animals went to Monkey and told him that, sadly, Lion had died. Warthog even pretended to cry. The animals told Monkey that they had decided to say goodbye to Lion by having a party. Monkey loved parties, and so he said, "I'll definitely be there!"

That afternoon Monkey watched the animals line up near the great body of the lion and then walk past him one by one, stroking his mane, kissing his head and saying goodbye. Monkey hopped from one leg to the other. He was hoping to say goodbye to Lion quickly so that he could get to the food at the party.

When he reached Lion's head, he leant over and chattered, "Goodbye you silly old cat. I tricked you properly."

Lion's eyes flicked open and he jumped up with a R-O-A-R! Monkey got such a fright that he fell over backwards.



Quickly Monkey scrambled to his feet and raced up the closest tree, where he sat chattering and shivering in fright. Lion roared again and shook his giant paw at Monkey, "You and all the other monkeys better not come down from the trees! If you do, I promise you that I'll eat you for supper!"

And to this day, monkeys spend all their time in the trees not daring to come down for fear of becoming Lion's next meal.



# Kungani izinkawu zihlala ezihlahleni

Ikhona  
lendaba

Ixoxwa kabusha nguNicky Webb ★ Imidwebo nguRichard Mackintosh

UBhubesi wayeyinkosi yezilwane. Ukubhonga kwakhe kakhulu kwakwenza ukuthi amacembe aqhaqhazele ezihlahleni. Wayechitha isikhathi sakhe ezingela ukudla abuye ethamele ilanga. Wayeqhenya ngokubhonga kwakhe, futhi wayeqhenya ngamazinyo namazipho akhe abukhali, kodwa wayeqhenya kakhulu ngesikhumba sakhe esisagolide nomhlwenga wakhe.

Ngelinye ilanga ephuza exhaphozini, uBhubesi waqaphela ukuthi umhlwenga wakhe wawunamashanda. “Kuyini lokhu?” egwavuma ekhuluma yedwa. Waphenduka wase ebona ukuthi kukhona uboya obusukile emhlane wakhe osagolide. UBhubesi waphatheka kabi kakhulu. Wagijima wayobona uDokotela Fudu ukuze athole ukuthi kungenziwani ukuze asindise isikhumba sakhe.

“Hmmm,” kusho uDkt Fudu edla amathambo engqondo. “Lesi yisimo sokuthile esibucayi kakhulu, kodwa angazi ukuthi siyini. Awuthi-ke ngidle amathambo engqondo ...”



“Mamo! Lokhu kuzwakala sengathi yisimo esibi kakhu,” kusho uBhubesi ebambe ongezansi, kodwa angeke kulunge ukuthi ibhubesi elikhulu likhale. Amadolo akhe ayeshayisana. “Ngabe ... ngabe ngizophila?” esho ebambe ongezansi.

“Uzophila noma kanjani,” kuleka uDkt Fudu, “ukuthi nje unamazenze amaningi. Kumele uyocela uNkawu ukuthi akuchoke amazenze. Konke kuzobe sekubuyela esimweni esijwayelekile.”

“Amazenze? Yilokho nje kuphela?” kusho uBhubesi sekwehle uvalo. Wabonga uDkt Fudu wase ephuthuma eyofuna uNkawu.

UNkawu wayephethwe ukuganga njengenjwayelo. Wayehleli esihlahleni ejikijela amajikijolo abizwa ngengwenya abolile entibaneni evilaphayo eyayilele elangeni.

“Nkawu!” kubhonga uBhubesi. UNkawu wagxuma wacishe wawa esihlahleni. “Nkawu, ngabe ungakwazi ukuzongichoba amazenze ejazini lami?” kubuza uBhubesi.

“Yebo, kulungile, Nkosi Yamakhosi,” kubongela uNkawu lapho elahla ijikijolo lokucina ehla esihlahleni eshesha.

UBhubesi walala elangeni elifudumele ngesikhathi uNkawu emkama emchoba umhlwenga noboya. Walokhu emkama emchoba. Wamphulula wase emlungisa kahle. Ilanga lalifudumele, kwathi kungaphelanga sikhathi uBhubesi wayeselele zwi.

Lapho uBhubesi esephaphama, wathola ukuthi wayengakwazi ukunyakaza. Wabhonga ngentukuthelo lapho ethola ukuthi uNkawu wayebophele umsila wakhe esihlahleni. Lapho uBhubesi ezama edonsa futhi ezama

ukuzithukulula, laya ngokuqina ifindo elisemsileni. Isinkwe esincane sabukela ngamehlo aso asasoso esihlahleni lapho uBhubesi esebunzimeni, edonsa.

“Ngingakusiza, Bhubesi,” kusho uSinkwe kamnene, “kodwa kumele uthembise ukuthi angeke ungidle.”

UBhubesi wayesekhathele emizamweni yakhe. “Impela angeke ngikudle,” esho ngephika. Kwakukhala nesisu sakhe. USinkwe wayebukeka enovalo. “Ngiyethembisa ukuthi angeke ngikudle!” kusho uBhubesi.

Ngakho uSinkwe wehla esihlahleni wase eqala ukumqaqa ifindo ngeminwe yakhe emide ethambile. Ekugcineni, uBhubesi wayesekhululekile. Wabonga uSinkwe wase ehamba.

Ngesikhathi ehamba uBhubesi wacabanga ngalokho akwenziwe uNkawu wase ezizwa ethukuthela kakhulu. Wanquma ukufundisa uNkawu isifundo. Watshele ezinye izilwane ukuthi zilinde izinsuku ezinhlanu bese zitshela uNkawu ukuthi uBhubesi ufile.

Ngemva kwezinsuku ezinhlanu izilwane zaya kuNkawu zamtshela ukuthi, okudabukisayo ukuthi ushonile uBhubesi. UNTibane waze wenza sengathi uyakhala. Izilwane zatshela uNkawu ukuthi zinqume ukuvalelisa uBhubesi ngokwenza idili. UNkawu wayewathanda amadili, wabe esethi, “Ngizoba lapho noma kanjani!”

Ngaleyo ntambama uNkawu wabukela ngesikhathi izilwane zishaye ujenga eduze komzimba webhubesi omkhulu futhi kudlula isilwane ngasinye, siphulula umhlwenga wakhe, siqabula nekhandla lakhe futhi silivalelisa. UNkawu wayegxumagxuma aqale ame ngomunye umlenze abuye ame ngomunye. Wayefisa ukuvalelisa uBhubesi ngokushesha ukuze ayodla edilini.

Uthe uma efika ekhanda likaBhubesi, wagoba wase entela, “Ndlelanhle kati elikhulu eliyisiwula. Ngidlale ngawe ngempela.”

Kwavuleka amehlo kaBhubesi wase egxuma *E-BHO-O-NGA!* UNkawu wethuka kakhulu waze wawa, walala ngomhlane.



UNkawu wasukuma ngokushesha wase egibela esihlahleni esasiseduze, lapho ahlala khona etshwekeza futhi eqhaqhazela wuvalo. UBhubesi waphinde wabhonga wase enyakazisa isidladla sakhe esikhulu ekhomba uNkawu, “Wena kanye nazo zonke ezinye izinkawu niyozisiza ngokuthi ningehli ezihlahleni! Uma nike nehla, ngiyanethembisa ukuthi niyoba isidlo sami sakusihlwa!”

Kuze kube namhlanje, izinkawu zichitha isikhathi sazo sonke ezihlahleni futhi azicabangi ukwehlela phansi ngoba zesaba ukuba yisidlo esilandelayo sikaBhubesi.

# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1.

In the story, *Nicholas and the Wild Ones*, Nicholas is a great inventor. What machine could you invent to make life better for yourself or someone else? Draw a picture of it and write about it here. Remember to include the name of your machine, as well as labels that show how your machine works!

Endabeni ethi, *UNicholas NeZiqhwaga*, uNicholas ungumsunguli omkhulu. Yimuphi umshini ongawusungula ukuze wenze impilo yakho noma eyomunye umuntu ibe ngcono? Dweba isithombe sawo bese ubhala ngawo lapha. Khumbula ukubhala negama lomshini wakho, kanye namalebuli akhombisa ukuthi usebenza kanjani umshini wakho!



Send us a picture of your invention and we'll publish it in the Nal'ibali Supplement, or on the Nal'ibali Facebook page! Remember to include your name, surname and age. Send your picture to: [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org) (put Nal'ibali Supplement Editor in the subject line), or Nal'ibali Supplement Editor, The Nal'ibali Trust, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700.


Sithumelele isithombe salokho okusungulile kanti-ke sizokushicilela esithasiselweni sakwaNal'ibali, noma ekhasini likaNal'ibali lakuFacebook! Khumbula ukufaka igama lakho, isibongo sakho kanye neminyaka yakho. Thumela isithombe sakho ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org) (bhala isihloko esithi Mhleli weSithasiselo sakwaNal'ibali), noma ukuthi Nal'ibali Supplement Editor, The Nal'ibali Trust, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700.



2.

Afrika also enjoys inventing and making things! Can you tell which little picture of him, is exactly the same as the big picture?

U-Afrika naye uyakuthokozela ukusungula kanye nokwakha izinto! Ngabe ungakhomba ukuthi yisiphi isithombe sakhe, esifana ncmishi nesithombe esikhulu?



Answer/Impendulo: c

Remember to get your copy of the next edition of the Nal'ibali Supplement in the week of 20 November 2016. It is our special holiday edition and the last one for 2016!

Visit us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sivakashele ku-Facebook ku-  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

Khumbula ukuthola ikhophi yoshicilelo lweSithasiselo sakho sakwaNal'ibali esilandelayo esontweni langomhla zingama-20 kuLwezi wezi-2016. Ushicilelo lwethu olukhethekile lwangesikhathi samaholide, kanti-ke ngolokugcina lwangowezi-2016!

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translation by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld



Drive your imagination